## *iHubo lamashumi amabili nantathu*
## *[iHubo 23]*

>>*iHubo lakwethu* ***eKhaya KwaMachanca***

**USmakade ungumalusi wami;**
***angiyukweswela*.**

Ungilalisa phansi ngiphumule
edlelweni elimahlungu aluhlaza;
angiqhubele emithonjeni yamanzi acwebile.

Uvuselela umphefumulo wami, uphile;
angichushise emikhondweni yokulunga,
libabazeke igama lakhe.

***Nòma ngingaphambukela ezingoxingoxini,***
***ngihlwathuze kuhle kodabula ethunzini lokufa,***
***angiyukwesaba;***

***ingani phela wena, Smakade, unami,***
***uphethe induku nobhoko – ngimi isibindi!***

USmakade uyangihlabisa, angenzele idili, ngibuse;
zihlabeke izitha zami!

Uyangivunulisa, angihlobise ngiconse!
Ungiphisela imbiza, ngiphuze ngidele!

Okuhle nothando
kuyongithungatha ukuphila kwami konke.

**Ngiyohlala eKhaya kuSmakade phakade naphakade!**

Ameni! Akube njalo!

>>uBheni wakwaKhumalo-Seegelken: **iHubo 23**
**1996**